

Omakadebona bomzabalazo bazokwakhelwa izindlu

MHLENGI SHANGASE

UNGGONGQOSHE wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Ravi Pillay, uti omasipala bahlonza indawo ukuze kwakhelwe omakadebona abazabalaza izindlu. UPillay, obethula isabelo sezimali sikaR3,647 billion salo mnyango, uthe bangu-263 abagunyaziwe ukuthi bathole izindlu.

“Uhlelo lokuhlonda abanye luyaqhubeka. Omasipala bazibophezele ekutheni badebele izindawo ukuze omakadebona bakhelwe izindlu. Kuze kube yimanye zingq-487 izindawo ezitholakele ukuze kwakhelwe omakadebona izindlu,” kusho uPillay. Usho lokhu nje omakadebona bagasele kwezinye izindawo badla izindlu ngejozi bekhala ngokuthi ababhekelelwa.

Emkhandlini weTheku nakhona bagasele befuna ukuhlinzekwa ngemisebenzi njengoba bekhala ngokuthi abasebenzi.

UPillay uthe eThekwini zingq-160 izindawo ezidedelwe ukuze kwakhelwe omakadebona izindlu, eMsunduzi zingq-180 ezizodedelwa wathi nakwezinye izindawo zizokhishwa.

Uthe bangu-49 olindela abaselele abanezindlu ezingq-9,167.

Uthe bebengu-61 kodwa basehlisa isibalo sabo ngabangu-12.

Mayelana nenkohlakalo, uthe angu-12 amacala abephanywayo athinta inkohlakalo wathi zimhili izisebenzi abazikhomba indlela.

“Kusuka ngo-2014, zingq-12,652 izindlu ezakhiwe, siyazi akwanele lokhu. Kusuka ngo-1994 zingq-726,988 esezakhiwe esifundazweni.”

Uthe manje bangaphezulu kuka-134,000 abantu abahlala emjondolo wathi kuzokwakhelwa izindlu ezibalwa ku-24,522.

Ubalule nokuthi kusuka ngo-2014 uR315 million useshenziswe ukulungisa amahostela, wathi onyakami odlule wezimali lolu hlelo luhlinzekwe ngo-R60 million.

E-Glebelands kwakhiwe izindawo zokuhlala ezingq-32, kwaT eMlaza ezingq-48, kwaMashu ezingq-96 kwathi eKlaarwater zaba ngu-70.

Uthe bangu-8,409 abantu abathole amatayitela wathi kufakwe izicelo zangu-3,000 ehovisi eliwakhiphayo.

Ubalule nokuthi bathole uchatha kaR200 million nyakenye ukwenza izinye izimhlelo njengoba isabelo somnyango basisebenzisa sonke.

I Soleswe

Monday 14 May 2018

Page 9